**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesithathu)**

# POSSIBLE ANSWERS OCT / NOV 2006

ISIGABA A

**UMBUZO 1**

Uhlaka lokumaka indaba

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| **1. Isakhiwo** (10) | | | |
| (i) Isingeniso (1) | 1 | 1 | 0-1 |
| (ii) Umzimba (4) | 3-4 | 2-3 | 0-1 |
| (iii) Isiphetho (1) | 1 | 1 | 0 |
| (iv) Ukuthelelana kwezigaba (4) | 3-4 | 2-3 | 0-1 |
| **2. Okuqukethwe** (12) | 8-12 | 5-7 | 1-3 |
| **3. Ulimi** (5) | 4-5 | 3-4 | 0-1 |
| **4. Isitayela** (3) | 3 | 3-4 | 1 |
| **ISAMBA SAMAMAKI (30)** | **[30]** | **[23]** | **[8]** |

**[30]**

ISIGABA B

**UMBUZO 2**

2.1 Uhlaka lokumaka incwadi yobungani / yobuhlobo

| Okufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| **1. Isakhiwo** (7) | | | |
| (i) Ikheli (3) | 3 | 2 | 1 |
| (ii) Isibingelelo (1) | 1 | 1 | 1 |
| (iii) Isivaleliso (1) | 1 | 1 | 0 |
| (iv) Inani lamagama (2) | 2 | 2 | 1 |
| **2. Okuqukethwe** (5) | 4-5 | 3-4 | 1 |
| **3. Ulimi** (3) | 2-3 | 2 | 2 |
| **ISAMBA SAMAMAKI (15)** | **[15]** | **[12]** | **[5]** |

**[15]**

2.2 Uhlaka lokumaka amaminithi omhlangano

| Inkomba yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| **1. Isakhiwo** (9) | | | |
| (i) Igama lenhlangano: (1) | 1 | 1 | 1 |
| (ii) Uhlobo lomhlangano (1) | 1 | 1 | 1 |
| (iii) Usuku, isikhathi, indawo (1) | 1 | 1 | 1 |
| (iv) Ukuvula (1) | 1 | 1 | 0 |
| (v) Ababekhona/ Abaxolisile (1) | 1 | 1 | 0 |
| (vi) Izihlokwana ezidingidiwe (1) | 1 | 1 | 0 |
| (vii) Eziphonselwe (1) | 1 | 1 | 0 |
| (viii) Inani lamagama (2) | 2 | 1 | 1 |
| **2. Okuqukethwe** (3) | 3 | 2 | 1 |
| **3. Ulimi** (3) | 2-3 | 1 – 2 | 1 |
| **ISAMBA SAMAMAKI [15]** | **[15]** | **[12]** | **[6]** |

**[15]**

2.3 Uhlaka lokumaka imemorandamu

| Inkomba Yokufeziwe | | Kuhle Kakhulu | Kuhle | Kusezingeni Eliphansi |
|---|---|---|---|---|
| **1.** | **Isakhiwo** (7) | | | |
| (i) | Igama lenhlangano ... (1) | 1 | 1 | 1 |
| (ii) | Ivela ku .. . (1) | 1 | 1 | 1 |
| (iii) | Iya ku (1) | 1 | 1 | 0 |
| (iv) | Usuku (1) | 1 | 1 | 1 |
| (v) | Isihloko sememorandamu (1) | 1 | 1 | 1 |
| (vi) | Inani lamagama (2) | 2 | 1-2 | 0 |
| **2.** | **Okuqukethwe** (5) | 4-5 | 2-3 | 1 |
| **3.** | **Ulimi** (3) | 2-3 | 1-2 | 1 |
| | **ISAMBA SAMAMAKI** | **[15]** | **[12]** | **[56** |

**[15]**

## UMBUZO 3

3.1 Uhlaka lokumaka uhlelo lokuzazisa (CV).

| Inkomba yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| **1. Isakhiwo** | | | |
| Inani lamagama (6) | 5-6 | 3-4 | 1-2 |
| **2. Okuqukethwe** (6) | 5-6 | 4-5 | 1-2 |
| **3. Ulimi** (3) | 2-3 | 2-3 | 1-2 |
| **ISAMBA SAMAMAKI (15)** | **[15]** | **[12]** | **[6]** |

**[15]**

3.2 Uhlaka lokumaka isikhahlamezi (Fax)

| Inkomba yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| **1. Isakhiwo** (6) | 5-6 | 4-5 | 1-2 |
| **2. Okuqukethwe** (6) | 5-6 | 3-4 | 1-2 |
| **3. Ulimi** (3) | 3 | 2-3 | 1-2 |
| **ISAMBA SAMAMAKI [15]** | **[15]** | **[12]** | **[6]** |

**[15]**
**[30]**

ISIGABA C

## UMBUZO 4

***Inkosi inkosi ngabantu*** **– C. T. Msimanga**

4.1 4.1.1 Ubuciko bomlomo yinkulumo enobuchwepheshe noma eyingxoxo eyedluliselwa ezizukulwaneni ngomlomo. (2)

4.1.2 a) D
b) F
c) A
d) C
e) E
f) B (6)

4.1.3 Ukuyala, ukusongela, ukukhuthaza, ukweneka simo esithile (okubili kuphela). (2)

4.1.4 Abafundi banganika isiphicaphicwano noma isiphi inqobo nje uma impendulo yaso kuyisilwane njengalezi (intwala, unwabu, uthekwane, inkawu).

**Isibonelo**: Ngikuphicaphica ngomnumzane wami ozondana nelanga.
**Impendulo**: Isikhova. (2)

4.1.5 Uma isiphicaphicwano kungumusho owodwa, bese kuthi impendulo yona ibe yigama elilodwa.

**Isibonelo**: Ngikuphicaphica ngonanti nantiya.
**Impendulo**: Izeze.

(Abafundi banganika noma yisiphi isiphicaphicwano inqobo uma singumusho owodwa nempendulo kuyigama elilodwa). (3)

4.1.6 a) Ukuxhumana siqalo
<u>Wena</u> kaZihlandlo
<u>Wena</u> kaKhabazela kaMavovo

b) Ihaba
Okhany' amasi esiswini!

c) I-enjambementi – Emgqeni 6-7
Mumbo omhlophe
Okhany' amasi esiswini!
(okubili kuphela) (2)

4.1.7 Kuthiwa uma zixoxwa emini abantu bazomila izimpondo / Yingoba izingane zifanele ukuphothula wonke umsebenzi wosuku bese ziyahlala zilalela izinganekwane. (2)

4.1.8 Isithakazelo yigama likakhokho othile ohlotsheni lolo. (1)
**[20]**

4.2 Ukuhluza inganekwane: "Inja nekati"

4.2.1 Isakhiwo

Umxoxi uqala ngokuthi kwesukasukela. Abalaleli bese bevuma ngokuthi cosu. Umxoxi uqhubeka ngokuthi kwakukhona, abalaleli baphendule ngokuthi Mh! noma sampheka ngogozwana.

Esingenisweni kutholakala isimo esinokuthula. Lesi simo inja itholakala izwana kakhulu nekati. Isimo siphazamiseka lapho inja ibona ukuthi yona iyabandlululwa.

Abalingiswa baba nomdlandla wokwazi ukuthi abalingiswa bazokwazi yini ukubuyisela isimo sezinto noma ukuxazulula inkinga.
Abalingiswa bazama ukwelulekana noma ukuxazulula inkinga ngokuthi inja ibhalele umnumzane abahlala naye incwadi yokukhononda.

Indaba iye ikhuphukele kuvuthondaba. Uvuthondaba yilapho abalaleli bebheke ukuthi inkinga izosombululeka noma cha. Inkinga ayisombululekanga ngoba umnumzane akayifundanga incwadi, inja yacabanga ukuthi ikati aliyisanga incwadi kumnumzane ngakho-ke alithembekanga.
Zase zixabana njalo lezi zilwane ngoba inja yacabanga ukuthi ikati liyisitha salo. Lezi zilwane zalwa, zase zixabana unomphela. (10)

4.2.2 Abalingiswa

Abalingiswa basenganekwaneni bayizinhlobo ezahlukene. Kungaba abantu, izilwane nokunye okufana nezinunu. Kule nganekwane kutholakala abalingiswa abaxubile abantu, inja nekati.

Abantu bangagagulwa ngamagama kanti kwesinye isikhathi abethiwa amagama. Lapho sithola umnumzane engagaguliwe, ubizwe ngomnumzane kuphela. Nentombazane esebenza ekhishini nayo ayigaguliwe kuthiwe yintombazane nje kuphela. Noma umnumzane engumlingiswa ogqamile akazange agagulwe. Ungumlingiswa ogqamile ngoba nguyena kanye oletha inkinga yokungazwani kwenja nekati.

Kwezinye izinganekwane abalingiswa abangebona abantu bayakwazi ukwenza izimanga, benza izinto ezingakholeki. Lapho sithola inja nekati zikwazi ukukhuluma kanye nokubhala. Sithola inja ibhala incwadi. (5)

4.2.3 Amasu omxoxi

Lapha kudingeka umxoxi onekhono lokuxoxa inganekwane ngoba kufanele alingise abadlali lapho bekhuluma noma benza izenzo ezithile. Umxoxi uphenduka umdlali. Kungaphawulwa ngokuthi umxoxi wale ndaba alingise ukukhuluma kwenja lapho ikhathazekile ikhononda, nalapho isithukuthele ibuza ikati ngencwadi yalo kanye nalapho isihlasela ikati.

Nekati nalo lingalingiselwa lapho libonisa ukuzwelana nomngani walo inja, kanye nalapho liziphindisela enjeni ngenkathi inja ilihlasela.

Umxoxi uye asebenzise amasu ukuhamba kwesikhathi ngokuphindaphinda izenzo. Lapha umlandi angase asebenzise igama elithi zahamba, zahamba, zihamba izinsuku inja ilindele impendulo kepha ayangabuya.

Izenzukuthi nazo ziye zisetshenziswe ukugqamisa izenzo ezithile. Isibonelo yilapho inja ibhala incwadi ithi klwi! klwi! (5)

**[20]**

**NOMA**

## UMBUZO 5

***Umlabalaba* – O.E.H.M. Nxumalo**

5.1 5.1.1 Basesiteshini.
UThembisile uzohlangabeza umngani wakhe uNdumiso.
UNdumiso uzotshela uThembisile ngothando analo ngaye.
UNdumiso uzoshela uThembisile. (3)

5.1.2 UNdumiso wayethandwa uNomkhosi ngokweqiniso kodwa wabonisa ukungamkhathaleli ngokuthi noma emvakashele abonise ukuthi uthanda uThembisile kanti akazi uThembisile usezoshada nomunye umuntu. Walahla uNomkhosi engakazi ukuthi uzophumelela yini ukuthola uThembisile. (4)

5.1.3 Izinyembezi azikhale ekuqaleni yizinyembezi zothando nenkumbulo kaThembisile.
Izinyembezi azikhale ekugcineni ngezokudumala nobuhlungu benhliziyo lapho ethola khona ukuthi uThembisile uzoshada. (2)

5.1.4 Akazi ukuthi uzomtshela kanjani uThembisile ukuthi uyamthanda ngoba babengabangani abakhulu esikoleni. (1)

5.1.5 a) Udweshu lwangaphakathi
Lutholakala lapho uNdumiso ecabanga ngoThembisile enoNomkhosi, nalapho engazi ukuthi amtshele uThembisile kanjani ukuthi uyamthanda. (2)

b) Udweshu lwangaphandle
Lutholakala lapho exabana noNomkhosi ngenxa yokuthi uNomkhosi wayethukuthelele ukuthi umvakashele kanti yena ucabanga ngenye intombi enguThembisile. (2)

5.1.6 UNomkhosi, ubekhalela ukuthi uNdumiso oyisoka lakhe ucabangana nenye intombi ekhona emvakashele futhi eyintombi yakhe. (2)

5.1.7 Ingwijikhwebu umphumela ongalindelekile, yilapho uNdumiso ethola khona ukuthi uThembisile usezoshada. (1)

5.1.8 Isuke ibuhlungu kakhulu. (1)

5.1.9 Abafundi bangasho izimpendulo ezehlukene kufanele kubhekwe ukuthi izimpendulo zabo bazesekele kanjani.
Izibonelo zezimpendulo:

a) Unenyoni – wayesaba ukutshela uThembisile ukuthi uyamthanda / unovalo / uyesaba / akazethembi.

b) Uyisiphukuphuku – ulahle uNomkhosi engakabi nesiqiniseko sokuthi uzomqoma yini uThembisile (okukodwa kuphela). (2)
**[20]**

**NOMA**

5.2 I-eseyi yokuphika inkani

- Kulolu hlobo lwe-eseyi umbhali ubeka umbono wakhe bese ezesekela ngokubek' izizathu. Umbhali unenjongo yokuthi ofundayo avumelane naye embonweni wakhe.

  Kule eseyi umbhali ubeka umbono wakhe wokuthi abantu bayathanda ukusika ukhasi babukwe ngezindlela ezimbi nezinhle. Kwezinhle unika isibonelo lapho indoda ithenga usu iluthengela owakwalo kanti ezimbi yilapho indoda ishaya inkosikazi.

- Esingenisweni se-eseyi umbhali uzama ukuheha umfundi ngokwethula isihloko azokhuluma ngaso.

  Lapha umbhali uhehe umfundi ngokumtshela ukuthi ukusika ukhasi kubaluleke kakhulu, sekuze kunamagama amaningi okusho lokhu isibonelo, ukudlisela noma ukwenza into yamehlo. Uphinde achaze ukuthi lokhu kusika ukhasi kusemqoka ngoba sekuze kwamukelwa futhi kwathandwa ngisho ngamahumusha. La mahumusha aze adala inkulumo yawo esize yamukelwa nangabantu bonke abakhuluma isiZulu.

- Umbhali uchaze ukuthi ukusika ukhasi kuthandwa yiwo wonke umuntu, akusiyo into entsha ngoba nakudala kwakukhona kanye nokuthi ukusika ukhasi kwenziwa ngezindlela ezinhle nezimbi.

- UHubhu walusika ukhasi ngokubukisa ngoShaka wamthwalisa isikhumba maqede wamdlulisa phambi kwezintombi.

- UManyosi walusika ukhasi engambuluzi ngokuthi adle imbuzi yedwa.

  Ukusika ukhasi kwenziwa ngabantu basemijondolo lapho inkosikazi ixhapha inhlamba, ithuka omakhelwane abahleba ngendodakazi yayo bethi akusentombi yalutho ngoba ikhulelwe.

- Kutholakala nendoda eshaya inkosikazi yayo eyibuze ngomholo ukuthi uncibikele yini noma uthathwe yizikhukhula ngenkathi inethwa yimvula uma ingasabuyi nawo.

- Asebebadala nabo basika ukhasi njengomshayeli webhasi edumisa ibhasi edamane eyihabulisa amafutha ebuka abagibeli bexukuzeka.

- Kuphinde futhi kutholakale isibonelo sendoda esika ukhasi ngezipho, nakhu phela ithenga usu ukuze ithandeke kunkosikazi wayo.

- Nezinsizwa nazo ziyawuthanda lo mkhuba wokusika ukhasi, nakhu phela kutholakala zifaka yonke inhlobo yokuhlobisa izimoto ngoba zifuna ukubonwa. Ziphinde zidlalisele umculo phezulu ukuze uzwakale kwabanye olova nasezintombini.

- Ezinye izinsizwa zijike zishintshe indlela yokuhamba zihambe lukeke ngoba zifuna ukubonisa ukuhlakanipha kwazo bese ziyabukwa zize ziveze nezinqe imbala.

- Nezintombi nazo ziye ziziveze ngokuphuma zigelekeqeke kwezinye, zishingile ukuze zibonakale.

- Esiphethweni umbhali uyasonga abeke imibono yakhe. Lapha ekusikeni ukhasi umbhali uchaze ukuthi ngendlela abantu asebekhonze ngayo ukusika ukhasi bagcina sebelahle ubuntu. Bagcina sebenza izinto ezingamukelekile nezidabukisayo. Bagcina sebeyingozi bengazazi futhi ukuthi bangobani njengoba ebafanisa nenkunzi esikhishwe inyumbazana. Ngakho-ke ukusika ukhasi akunawo umphumela omuhle, kulahlekisa abantu bangabe besazazi ngenxa yokufuna ukubonwa. **(20)**

**[80]**